

**UKWETHULWA KWESABELOMALI NGUNGQONGQOSHE  
WEZEMPILO KWAZULU-NATALI , USIBONGISENI  
DHLOMO KWI SISHAYAMTHETHO SAKWAZULU-NATALI  
NGOMHLA ZIYISI -7 KUNHLANGULANA WEZI -2012**

Somlomo, angiqale ngokuthatha leli thuba ngihalalisele bonke abasebenzi bomnyango wethu ngokubamba iqhaza emjahweni we- Comrades obungempelasonto edlule – siyanibongela ngokuba yisibonelo njengoMnyango Wezempilo! Kuyakhombisa ukuthi akuwona nje umjaho obalulekile kodwa ukubamba iqhaza!

Sengiqhubekela phambili odabeni lwanamhlanje...

Umsebenzi wethu esijutshelwe uvula siwenze njengoMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali ukunikezela ngohlelo lwezezempilo olusimeme noluphelele olugxile ohlelweni Lwezezempilo Ezingqala ngokusebenzisa uHlelo Lwezempilo lwesiFunda. Lokhu kumele sikwenze nakuba zikhona izinselelo zomphakathi nezomnotho isiFundazwe kanye nezwe lethu elibhekene nazo.

Sekukaningi kuvela ukuthi iKwaZulu-Natali inesibalo esiphezulu sezifo ezibandakanya iSandulelangculazi, iNgculazi kanye neSifo SoFuba. Njengoba kuyikho lokhu okusiqhubela ekufezekiseni umbono kazwelonke wokuba neMpilo Enhle Ende kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika, uMnyango, ngokulandela iSivumelwano Okuxoxisenwe Ngaso Sokunikezela Ngezidingongqangi, sewuhlonze izinto ezine ezisemqoka okumele uzifeze **FUTHI** wabuye wethula umphumela wesihlanu okumele umkhakha wethu wezempilo uwufezekisile.

Somlomo, uMnyango Wezempilo ulawulwa wuHlelo Lukazwelonke Lwamaphuzu Ayishumi Enqubo Yezempilo, olubandakanya imiphumela emihlanu esemqoka okuyilena elandelayo.

- 1. Ukwelulwa Kwesikhathi Esilindelekile Sokuphila**
- 2. Ukwehlisa Isibalo Sokushona Kwabakhulelwe kanye Nezingane**
- 3. Ukulwisana neSandulelangculazi, iNgculazi kanye nokwehlisa umthwalo wezifo eSifweni soFuba**
- 4. Ukuqinisa Ukusebenza Ngempumelelo Kohlelo Lwezempilo**
- 5. Ukwehliswa kwezifo ezingathathelani**

Zonke lezi zingxenye ezisemqoka zigqamisa umsebenzi esijutshelwe ukuba siwenze njengabahlinzeki bezempilo. Ziphinde ziveze ukubaluleka kwazo okunqala esitatimendeni esenziwa nguMhlonishwa uNdunankulu, uDkt. uZweli Mkhize, ngesikhathi ethula iNkulumo yakhe yesiFundazwe, lapho athi: *“Kubalulekile ukuvuma ukuthi umthwalo wezifo ezikhungethe iNingizimu Afrika ubonakala kakhulu kulesi siFundazwe. Ngokufanayo, iKwaZulu-Natali kumele iqale ngokwenza ngcono imiphumela yezempilo jikelele eNingizimu Afrika.”*

Ngizothanda ukuba nibeke esesikuzuzile maqondana nalokhu ngokunjalo nezinsalelo eziningi esibhekana nazo lapho siphokophele oHlelweni Lukazwelonke Lomshwalense Wezempilo olukade lwalindelwa.

## **UMPHUMELANGQO 1: UKULULWA KWESIKHATHI ESILINDELEKILE SOKUPHILA**

NjengoMnyango, silawulwa nguMbiko Wezempilo Womhlaba wonyaka wezi-2000 omayelana “**Nokwehliswa Kobungozi, Ukugqugquzelwa Kokuphila Okunempilo**” ohlonza ukuthi ubuvila bokunyakazisa umzimba yibona obuyimbangela enkulu yezifo ezingathathelani, izinga lezifo emhlabeni, nelokufa. UMnyango ugqugquzela ukuphila ngendlela enempilo ngokhuthaza ezempilo nokwenza imikhankaso yokuguga unomfutho kwizakhamuzi esezikhulile.

Ukuze ube yisibonelo, uMnyango sewethule iziNhlelo Ezididiyele Zokuphila kanye Nendlela Yokuphila Enempilo zabasebenzi bethu ukuze kuqinisekiswa ukuthi njengabahlinzeki bemisebenzi yezempilo nabo uqobo baphile kahle. Kuhlelwe izinhlelo zokuzivocavoca ezihlelekile eNhloko hhovisi; eziFundeni kanye nakuwo wonke amazanga oMnyango ngenhloso yokunciphisa isibalo sabasebenzi abaphila impilo yokungazivocavoci. Sekucelwe zonke izikhungo ukuba zisebenzise izinsizakusebenza ezivele zikhona emnyangweni ukuqinisekisa ukuthi zisebenza ngendlela eyongayo nenempumelelo futhi ziyathokozelwa.

Ngiyajabula ukwengeza ngokuthi uMnyango usanda kuba nesidlo sasekuseni ukwandulela uMjaho we-Comrades wonyaka wezi-2012 obukade ungempalesonto edlule, lapho esasibonga khona abasebenzi boMnyango abangama-44 ababambe iqhaza kwi-Comrades – okungabesilisa abangama-38 nabesifazane abayisi-6.

Bekungokokuqala ngqa ukuthi babongwe ngokubamba iqhaza kwi-Comrades futhi lesi senzo sibathokozisile kakhulu. Abangama-27 kubasebenzi bethu bakwazile ukuqeda ngesikhathi. Umsebenzi wethu

wesilisa owenze kahle kakhulu uqede esikhathini esingamahora ayisi-7, imizuzu engama-50, nemizuzwana engama-52, kanti owesifazane owenze kahle kakhulu uqede esikhathini esingamahora ayi-10, imizuzu engama-25 nemizuzwana engama-54. Bobabili bazothola amathikithi ahamba ngamabili okuzikhipha ngempelasonto baye noma yikuphi lapha KwaZulu-Natali akhokhelwe ngokugcwele ngabezamabhizinisi azimele.

## **UMPHUMELANGQO 2: UKWEHLISA ISIBALO SOKUSHONA KWABAKHULELWE NEZINGANE**

- ***Ukushona Kwabakhulelwe***

Somlomo, iNhlango Yezempilo Emhlabeni, ichaza ukushona kwabakhulelwe njengokushona kowesifazane ngesikhathi ezithwele noma ezinsukwini ezingama-42 ehushule isisu, kungakhathalekile ukuthi ubese khulelwe isikhathi esingakanani, ngenxa yanoma yiyiphi imbangela ehlobene nako noma ukucasulwa ukukhulelwa noma ukubhekana nako kodwa hhayi ngezimbangela eziyingozi noma ezingeyona.

NjengeSifundazwe, asikaphumeleli ukuyinqoba le nselelo, njengoba umbiko kaZwelonke Wemibuzo Eyimfihlo wangonyaka wezi-2008-2010 omayelana Nokushona Kwabakhulelwe ukhomba ukuthi izinga lokushona kwabakhulelwe KwaZulu-Natali liyi-192 ezinganeni eziyizi-100 000 ezizalwa ziphila.

Emizamweni yokunciphisa lesi sibalo kanye nokuqinisa isimo sempilo kumama nengane, sakha izikhungo ezizohlinzeka imisebenzi eseqophelweni eliphezulu yokusiza **umama nengane**. Izibhedlela iNgwelezane ne-Lower uMfolozi kanye neNewcastle neMadadeni

seziqokwe ukuba ziqalise lolu hlelo. Ngaphezu kwalokho, sizohlinzeka ngezindlu ezizohlalisa omama abakhulelwe ukuze siqinisekise ukuthi omama abazithwele asebeduze ukubeletha bayasondelela, ngale kokuhamba ibanga elide uma beyobeletha. Sesimemezele ngokusemthethweni futhi ukuthi ukusuka manje; asikho isikhungo sezempilo esizokwakhiwa singabi nazo lezi zindlu, kubandakanya neSibhedlela Sezingane saKwaZulu-Natali kanye noPhiko olusha Lwezingane olusesiBhedlela i-King Edward VIII.

Ukubhekana nokwentuleka kwezokuthutha kanye nabasebenzi abanamakhono, sihlele ukuthi esifundeni ngasinye okungenani kuthengwe imoto eyodwa ebhekele izimo eziphuthumayo zokunakekelwa kwabakhulelwe nezingane ezisanda kubelethwa kanye nama-ambulensi angama-28 okwengeza. Lokhu kuzokwenza ukuthi senyuke isibalo sama-ambulensi abhekele ukunakekelwa kwabesifazane ngaphambi nangemuva kokubeletha sifinyelele kwangama-40. Ezifundeni sesisungule izikhungo ezibhekele Izimo Eziphuthumayo Zokunakekela Abesifazane Ngaphambi Nangemuva Kokubeletha, ukuze senze ngcono indlela yokufinyelela emisebenzini esemqoka yezempilo, ikakhulu ezindaweni ezisemakhaya.

Somlomo, okusasikhathaza kakhulu ukwephuza kwabesifazane abakhulelwe ukubhalisela ukuzothola ukunakekelwa kuhlolwe nesimo sengane ngaphambi kokubeletha. Lokhu kwenza bephuze ukuthola usizo lwezempilo. Kuyinselelo esisaqhubeka nokuyibhekana nayo ngokuthi siqwashise futhi sisanda kuqinisa ngokuthi isiFundazwe sethu siqokelwe ukwethula uMkhankaso maqondana Nokusheshiswa Kokunciphisa Ukushona Kwabakhulelwe Nezingane e-Afrika [CARMMA] ngaphansi kwesiqubulo esithi: " ***INingizimu Afrika Iyanakekela:***

***Akekho uMuntu Wesifazane Okumele Ashone Ebeletha”.***

Umkhankaso wethu wokubhekana nalokhu uzohlenganisa ukungenelela okukhulu, okubandakanya:

- Ukuqiniswa kwezinhlelo zokufinyelela ezinhlobeni ezahlukene zemisebenzini yezempilo ngokobulili, ikakhulu ukuhlelwa komndeni.
- Ukukhuthazwa komama abakhulelwe ukuba basheshe bhalisela ukuyothola ukunakekelwa kwezempilo.
- Ukufinyelela kangcono ekunakekelweni ngabantu abanamakhono kwezokubelethisa ngokuthi kuhlinzekwe ama-ambulensi abhekele ukunakekelwa kwabakhulelwe kuzo zonke izikhungo lapho kubelethiswa khona.
- Ukwakhiwa kwezindlu zokulindela kwabakhulelwe lapho kunesidingo khona.
- Ukwandisa Abasebenzi Bezokunakekelwa ngezempilo kukamama nengane ngokuthi baqeqeshwe
- Ukukhuthazwa kokuncelisa ubisi lwebele
- Ukuqinisa imizamo yokubhekana nomama abaneSandulelangculazi kanye nezingane ngokuthi kwenziwe ngcono izindlela zokufinyelela ekwelashweni nasekulawulweni kwezifo ezihambisana nakho.
- Ukunqandwa kokutheleleka kwengane ngegciwane leSandulelangculazi lisuka kumama (MTCT).

Lokhu kungenelela yikhona okuwusizo olukhulu, ikakhulukazi kwabesifazane abasezindaweni zasemakhaya okuyizo ezikhahlamezeka kakhulu ngokushona kwabakhulelwe.

Khona manjalo, sizama futhi ukunciphisa isibalo sokukhulelwa okungahlelelwe, ngokuthi sivuselele imihlangano yokuhlomisana ngolwazi lokuqwashisa ngokuHlela Umndeni kanye nokusebenzisa izivimbela. Kusukela yethulwa ngenyanga kaMfumu nyakenye, sesisingathe iziNgxoxo Zomphakathi ezingama-55 kanti ziningi ezihlelelwe izinyanga ezizayo.

- ***Izinga Lokushona Kwezingane***

Akekho noyedwa lapha phakathi kwethu namuhla ongacabanga ukuthi izwe lethu ligcwele izingane ezilambile. Imifanekiso esiyibona komabonakude bethu ngokwenzeka kwezinye izingxenye ze-Afrika ifana nengane kwane kithi. Iqiniso ukuthi indlala yiyona mbangela enkulu yezinga eliphezulu lezifo kanye nokushona kwezingane ezweni lethu. Ukwanda kwesibalo sezingane ezingondlekile kahle ezineminyaka engaphansi kwemi-5 kwehla kusuka kwezi-7.1/1000 ngonyaka wezi-2010/11 kuya kwezi-6.7/1000 ngonyaka wezi-2011/12 kodwa kusalokhu kuyinkinga, ikakhulu lapho izingane zigcina khona ukuthola ukudla uma zisesikoleni kuphela kuze kuphele izinsuku eziningi zingakutholi ukudla ntambama emakhaya. Empeleni Indlala ingubuphofu.

Ukubhekana nokuShona Kwezingane, sesiqalise uhlelo loKuqapha Ukukhula; i-Oral re-hydration; Ukunceliswa kobisi lwebele; Ukugoma; Ukufundiswa Kwabesifazane, i-Family Spacing kanye nokwelekelwa ngokunikezela ngokudla. Ngokohlelo lokuqapha ukuKhula, izinga selenyuke lisuka kuma-75.2% liya kuma-85% ngonyaka wezi-2011/12, kanti elabanesisindo somzimba esingekho ezingeni leminyaka yabo yobudala likhuphuke lafika kuma-1.9% [18.7/1000.

Kwakhishwa izakhamzimba zanikezwa amathimba abantu abangenamandla okuzenzela kubandakanya neziguli eziyi-114,913 ezineminyaka eyi-15 nangaphezulu kanye nezingane eziyizi-19,004 ezineminyaka engaphansi kwemi-5. Umehluko obonakalayo uyimiphumela yeMikhankaso ye-Community Child Survival exhumene noHlelo lweSukuma Sakhe, ikakhulu umkhankaso weSifo sohudo kanye nowokuqwashisa ngokungondleki kahle nayo engahle ixhunyaniswe nokwethulwa kwemigomo emisha yokuvikela ukungenwa yizifo ezingosomathuba.

### **UMPHUMELANGQO 3: UKULWA NESANDULELANGCULAZI NENGCULAZI KANYE NOKWEHLISA UMTHWALO WEZIFO ESIFWENI SOFUBA**

- ***ISandulelangculazi neNgculazi***

Udaba lweSandulelangculazi neNgculazi lusalokhu luyinselelo esifundazweni nasezweni lethu. Ukukhulelwa kwentsha, ikakhulu ikhuleliswa ngamadoda amadala, yikho osekuhlotshaniswe nokwanda kweSandulelangculazi neNgculazi. Ukugcizelela ukuqwashisa, sethule umkhankaso wokuqwashisa obizwa nge-Anti-Sugar Daddy sabe sesifaka amabhodi amakhulu angaphezu kwangama-89 aqwashisayo esifundazweni sonkana ukugqamisa ubungozi bokwenza ucansi namadoda amadala kanye nokugqugquzela ubuholi bomphakathi kanye nokugqamisa ububi bamadoda amadala ayengela amantombazanyana ocansini, ikakhulukazi lawo aneminyaka ephakathi kweyi-14 kuya kwengama-21.

Sekushicilelwe ukuthi amantombazanyana awagcini nje ngokukhulelwa kanye nokucekela phansi ikusasa lawo ngokwemisebenzi angayifundela kodwa aphinde atheleleke ngeSandulelangculazi neNgculazi!

Ucwaningo olwenziwe ngabe-CAPRISA luqinisekisa ukuthi ukwenyuka kwezinga lokwanda kwesibalo sabantu besifazane abaneminyaka yobudala ephakathi kweyi-15–29 abaneSandulelangculazi kungaba yinkomba yokuthi bayashesha ukwenza ucansi namadoda amadala. Ukwanda kweSandulelangculazi ezinganeni ezineminyaka engaphansi kweyi-10 kungaphansi kwama-2% emva kokushintsha kwendlela yokwenza. Kwabesilisa abaneminyaka yobudala ephakathi kweyi-15 kuya kweyi-19 ukutheleleka kwabo kusalokhu kungaphansi kwama-2%, ekubeni kwabesifazane kukhombisa ukukhula ngama-6% okwenza kufinyelele kuma-8% kulabo abaneminyaka yobudala ephakathi kwengama-20 kuya kwengama-24. Kwabesilisa ukwanda kokutheleleka kudlange kakhulu kulabo abaneminyaka yobudala engama-20 kuya kwengama-24 okwenza ukwenyuka kufinyelele kuma-9% kwabaneminyaka yobudala engama-25 kuya kwengama-29.

Uma sibheka uhlangothi oluthembisayo, ukwanda kokutheleleka ngeSandulelangculazi kuyazinja esifundazweni, njengoba kwabesifazane abakhulelwe kwaba ngama-39,5% ngonyaka wezi-2010. Izifunda okungukuphela kwazo ezweni ezinezibalo ezingaphezulu kwama-40% kulesi siFundazwe sethu, yilezi: uGu (41.1%), uMgungundlovu (42.3%), uMkhanyakude (41.9%), iLembe (42.3%) naseThekwini (41.1).

- ***ISifo soFuba***

Somlomo, iSifo soFuba, njengoba sazi, iyisifo esigwemekayo futhi esiyelaphekayo, nakuba sisalokhu siyimbangela ehamba phambili yokushona kwabantu ezweni lethu. Ngokusebenza ngokubambisana sibone likhula izinga lokwelashwa kweSifo soFuba esiFundazweni. Izinga lokwelashwa kwaso lenyuke lisuka kuma-62.9% ngonyaka wezi-2009/10 laya kuma-69.7% ngonyaka wezi-2011/12; ekubeni izinga labangadli ngendlela amaphilisi okwelapha iSifo soFuba sehle sisuka kuma-8.1% ngonyaka wezi-2009/10 saya kuma-6.6% ngonyaka wezi-/2011/12.

Lona ngumnyakazo onika ithemba okhomba ukuthi kuhamba ngendlela efanelekile.

- ***ISifo SoFuba Esingasazweli Emithini Yokwelapha (DR-TB)***

UMnyango usabalalise Izinhlelo Zokulawulwa kwe-MDR TB ezigxile emiphakathini ngonyaka wezi-2008, futhi zayavunywa nawuMkhandlu Wezempilo kaZwelonke. Lokhu kwenza kube lula ukwedluliselwa kwemithi yokwelapha i-DR-TB emazingeni aphansi ohlelo lwezempilo uma kulandelwe yonke imigudu ebekelwe ukusetshenziswa.

UHlelo Lwezinkinga zeSifo soFuba seluqalise umklamo obizwa nge-Intensified Contact Tracing owethulwa nguNgqongqoshe Wezempilo Kuzwelonke, uDkt. Aaron Motsoaledi, ngomhla zingama-24 kuNdasa wezi-2011, ngesikhathi kugujwa uSuku Lomhlaba Wonke Lwesifo SoFuba, eSibhedlela iPrince Mshiyeni Memorial esibuye sibe yisizinda lapho kwabekwa khona **umshini omusha wokuhlola ngokushesha iSifo SoFuba (Gene Expert rapid TB diagnostic technology).**

INingizimu Afrika iyizwe lokuqala ukwethula nokusebenzisa lo mshini omusha futhi siyaziqhenya ngalokhu.

Lo mshini ukwazi ukuhlola uthole iSifo soFuba kungakapheli amahora amabili – uma kuqhathaniswa nezinsuku ezine kuya kwezingaphezulu ngaphandle kokusetshenziswa kwawo. Okwamanje sinezindawo eziyi-16 esiFundazweni ezisebenzisa lo mshini, kanti bayizi-**88,068** asebehlolelwe isifo soFuba kusetshenziswa le ndlela.

- ***Ukuvimbela iSandulelangculazi neNgculazi***

Somlomo, njengeSifundazwe sesikwazile ukunciphisa isibalo saBantu ababulawa yiSandulelangculazi nakuba kuyizibalo ezincane.

Sisabelile futhi kwikhwelo likaMengameli wethu, uMhlonishwa uJacob Zuma, lokuba bonke abantu baseNingizimu Afrika bazi ngesimo sabo maqondana neSandulelangculazi ukuze bathole ukwelashwa, ukunakekelwa kanye nokwesekwa kusenesikhathi.

UMkhankaso we-HCT ube yimpumelelo kakhulu kusukela waqala ngoMbaso yonyaka wezi-2010, futhi sesinezikhungo eziphelele ezingama- (100%) ezihlinzeka ngalolu sizo esiFundazweni.

Ngonyaka wezi-2010/11, inani labantu abayizi-2,920,433 bahlolwa; abayizi-561,057 kwabahlolwa kwatholakala ukuthi baneSandulelangculazi okungama-[19%]; kwathi inani leziguli eziyizi-2,305,000 zahlololwa iSifo soFuba, eziyizi-356,761 kulezo ziguli zadluliselwa ukuba ziyohloliswa emtholampilo. Umkhankaso uyaqhubeka kanti sibheke ukufinyelela kubantu abayizi-**3 944 873 ngonyaka wezi-2012/13, sigxile kakhulu kwabesilisa.**

- ***UHlelo Lokusokwa Kwabesilisa Ngokwezempilo***

UMkhankaso Wokusokwa Kwabesilisa Ngokwezempilo wethulwa yiSilo, ngonyaka wezi-2010. Kusukela lapho-ke, sekusokwe ngokwezempilo abesilisa abafinyelela kwabayizi-**135 429** njengoba kuphela inyanga kaNdasa wezi-2012.

Ngalo nyaka wezimali sethemba ukuthi sizokwenyuka lesi sibalo njengoba sesinabaDidiyeli boMdabu abangama-55 abanikwe izinkontileka zokugqugquzela intsha ukuba ibambe iqhaza futhi baqinisekise ukuthi nabo bazigcina bengenaso iSandulelangculazi emva kokusoka.

Ziyaqhubeka izinhlelo zokuqinisa lolu hlelo emibuthano ye-MMC ngesikhathi samaholide okuvalwa kwezikole, kanti izikhungo zethu zezempilo nazo zilindeleke ukuba zibe nemibuthano yazo kanye ngenyanga.

Sisebenzisana futhi ne-Indlondlo, okuyinhlango eyangamele izikole zokusoka ngendlela yomdabu eKokstad. Ukusebenzisana nale nhlango sekuvule amehlo abasebenzi bezempilo maqondana namasiko kanye namagugungqangi aphaathelene nokusoka.

Ukusebenzisana kwethu naMakhosi kuya ngokuya kukhula futhi kuqina njengoba kungasagcini nje ezindabeni ze-MMC kodwa sekwenabele nasezingxoxweni ezimayelana neSandulelangculazi kanye nezinye izindaba zezempilo. Sinethemba lokuthi ngalokhu kusebenzisana kuzofezeka isifiso sethu sokuba nesizwe “esingathelelani kabusha ngegciwane” (“zero new infections”).

- ***Ukwelashwa***

UHlelo lwe-ART ngonyaka wezimali wezi-2010/11 lwalugxile ekwenabiseleni lolu hlelo ezikhungweni Zemisebenzi Yezempilo Eyisisekelo lubhekiswe ngokukhethekile ezigulini ezintsha ezisezingeni le-PHC.

Isibalo seziguli sezizonke ezibhalise ngaphansi kwe-ART sesikhuphuke sisuka kweziyi-408,238 ngonyaka wezi-2010/11 safinyelela kweziyi-535 910 ngasekupheleni konyaka wezimali wezi-2011/12. Kulabo ababhalisile, ama-9% yizingane, ama-59.8% abesifazane, ama-31.2% abesilisa. Isibalo esisha esihlosiwe ngonyaka wezimali wezi-2012/13 siyizi-626 436.

Ezikhungweni zethu esinazo, zingama-74 ezihlinzeka nge-**ARV PROPHYLAXIS ezigulini eziyizi- 4,248**. Impumelelo kulokhu incike ekunxuseni kwethu izisulu zokuhlukunyezwa ngokocansi ukuba zithole i-PEP ngaphambi kokuba udaba lokuhlukunyezwa lubikwe emaphoyiseni.

- ***Ukunakekela Nokweseka***

SinoHlelo lokuNakekela Nokweseka okuhloswe ngalo ukunciphisa umthelela weSandulelangculazi neNgculazi kanye nezinye izifo ezingelapheki emiphakathini. UMnyango uhlinzeka ngemisebenzi yokuNakekela Nokweseka ngokuthi uqalise ukusebenza kohlelo lwe-(HCBC), i-Step down Care kanye nangokweseka ukusungulwa kwaMathimba Okweseka Abantu Abaphila neSandulelangculazi.

Kumanje angama-546 amathimba okweseka abantu abaphila neSandulelangculazi akhiwe ngamalungu angama-20 kuya kwangama-25 ithimba ngalinye. Lolu hlelo lwaqala eThekwini, eLembeni, oThukela naseMgungundlovu kanti futhi luzokwethulwa nakwezinye izingxenye zesiFundazwe ngonyaka wezi-2012/13.

#### **UMPHUMELANGQO 4: UKUQINISWA KOHLELO LWEZEMPILO OLUSEBENZA NGEMPUMELELO KUBASEBENZI BEZEMPILO**

- ***Ukuqeqesha***

UMhlonishwa uMengameli wezwe lethu, uJacob Zuma, ngesikhathi endlalela uMbiko wezi-MDG wangonyaka wezi-2010 wathi: *“Siyazi ukuthi sisilele emuva kakhulu ngamakhono, yize sesikwazile ukufeza i-MDG 2 emayelana nemfundo esemazingeni aphansi efana neyamazwe omhlaba, siyazi kodwa ukuthi izinga lemfundo yethu yilona elibambezela intuthuko. Ngenxa yalokhu, sizothuthukisa amakhono ethu futhi nalawo okungawabasebenzi.”*

Somlomo, njengeSifundazwe, esikhungethwe kakhulu yizifo, sinomthwalo owengeziwe wokuqeqesha nokukhiqiza abahlengikazi abaningi ukuze simelane nale nselelo. AmaKolishi Okuqeqesha Abahlengikazi ayaphumelela – ngonyaka odlule nje kuphela sibe **nabahlengikazi abayizi-2203 abathweswe iziqu.**

- ***Ukuqeqeshwa kweziKhulu Eziphezulu Zezibhedlela (CEO’s)***

Ukuqeqeshwa kweziKhulu Eziphezulu kugunyazwa ukuhlolwa kwamakhono azo okusebenza, okuyikhona okuhlonza la makhono okusebenza ama-5 alandelayo okumele abhekelelwe:

- a) Ukuphathwa kwezimali
- b) Ukuhlelwa kwamasu okusebenza emisebenzi kahulumeni
- c) Ukulawulwa kwemiklamo/kwezinhlelo
- d) Ukuphathwa kwabantu
- e) Ukulawulwa kwezinguquko

Somlomo, sineziKhulu eziyi-12 Eziphezulu Zezibhedlela ezibhalisele ukwenza iziqu ze-Public Health ukuthuthukisa ikhono lobuholi bazo. UMnyango wethu uvele sewuyasebenzisana ne-UKZN njengendlela yokusheshisa lolu hlelo. Kusukela kwaqala lolu hlelo Izikhulu ezimbili eziphezulu seziqedile ukwenza iziqu ze-Degree kwi-Public Health kanti ezinye eziyi-5 ziqede ukwenza iziqu ze-Diploma kwi-Public Health.

UMnyango usebenzisana nezikhungo zeMfundo Ephakeme ezahlukene ukuze zelekelele ngokuqeqesha kwezokuphathwa kwezibhedlela. Seziqalile izingxoxo ne-UKZN, i-UCT kanye ne-Mangosuthu University of Technology.

- ***Abanemifundaze***

Ngonyaka wezi-2011, uPhiko Lomnyango Wezempilo Lwezemifundaze seluxhase ngemali abafundi abangama-**694** abafunda eziKhungweni zeMfundo Ephakeme eNingizimu Afrika yonkana emikhakheni ehlukene yezemfundo, ebandakanya i-Medicine, i-Nursing, i-Pharmacy, i-Optometry, i-Dentistry, i-Radiography, i-Physiotherapy nokunye. Imali ebekelwe lokhu yizigidi ezingama-R80.

Ngonyaka wezimali wezi-2012/ 2013, sihlizeka ngemifundaze kubafundi abangama-**668** ngesamba sezigidi ezingama-**R107**. Kumele kwazeke ukuthi ngasekupheleni konyaka wezi-2011, babayi-190 abafundi abaqeda izifundo zabo eziKhungweni zeMfundo Ephakeme. Ngonyaka wezi-2012, babe beyi-109 abafundi abathole imifundaze okokuqala ngqa.

- ***Imifundaze yokuqeqeshelwa emsebenzini***

Ngokuhambisana nokuzibophezela kwethu oHlelweni Lwamaphuzu ayi-10 okwenza ngcono ukuHlelwa, Ukuthuthukisa kanye Nokuphathwa Kwezabasebenzi, sesibeke eceleni imali yemifundaze yokuqeqeshelwa emsebenzini. Okwamanje sibhekelela abasebenzi bethu abangama-**292** abasezikhungweni ezahlukene esiFundazweni futhi sibeke eceleni izigidi ezingama-R2 ukwenza lo msebenzi kuphela.

Somlomo, uMnyango wethu usukwazile ukubuyisela esikhwameni semifundaze imali eyizigidi ezingama-R2.5 uyithatha kulabo bafundi abaphule imigomo yenkontileka yemifundaze.

- ***UHlelo Lwezempilo Lwase-Cuba***

Kulo nyaka sigubha iminyaka eyi-16 yobudlelwane esinabo ne-Cuba kwezeMfundo. Nakuba sekudlule isikhathi eside, ngeke kulibaleke ukuthi uhulumeni woBandlululo wamemezela uMthetho Wokwelulwa Kwemfundo yasemaNyuvesi uNo.45 we-1959, owawunciphisa isibalo samanyuvesi okungafunda kuwona abantu abaNyama baseNingizimu Afrika. Ukusebenzisana kwethu noHulumeni onenqubekela phambili wase-Cuba kuyimizamo yokukhiqiza odokotela abaningi ukuze sibhekane nenkinga yokusilela emuva kanye nezinsalelo ubandlululo

Iwezezempilo esasala nazo – ezisekhona namanje emva eyi-18 lwadlula.

Ngokusebenzisa kwethu nabase-Cuba **sinabafundi abayi-12** abenza izifundo zobuDokotela (Medicine) e-Cuba unyaka nonyaka – abakhethwa emakhaya antulayo kodwa bebe benemiphumela emihle ezifundweni zabo. Sebebonke, sinabafundi abangama-**69** abaphuma kulesi siFundazweni abenza izifundo zabo e-Cuba.

Siyaziqhenya futhi ukumemezela ukuthi abayi-105 sebevele baziphothulile izifundo zabo. Abayi-10 bajwayezwa umsebenzi; abangama-25 benza iMisebenzi Yomphakathi kanti abangama-70 sebesebenza ezikhungweni ezahlukene zezempilo KwaZulu-Natali njengokwesibopho semifundaze abayithola.

Somlomo, ukungabibikho kwabasebenzi abenele, ikakhulukazi odokotela kusaqhubeka nokukhinyabeza imizamo yokunciphisa izinselelo ezibhekene nokunikezelwa kwezidingo zezempilo emphakathini, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Kumele sikuvume sonke ukuthi amasu okusebenza akhona okukhiqiza abasebenzi bezempilo akhinyabezwa phakathi kokunye, ukwentuleka kwezikhungo zemfundo ephakeme kuleli ezikwazi ukumumatha umthamo owanele wabafundi abafuna ukuqeqeshelwa ezempilo.

Mhla zingama-25 kuNhlaba wezi-2012, uNgqongqoshe Wezempilo eNingizimu Afrika kanye noNgqongqoshe Wezempilo wase-Cuba basayina isivumelwano esisha maqondana nokuqeqeshwa kwaBafundi baseNingizimu Afrika kwezeMpilo e-Cuba.

Lokhu kusenze njengesifundazwe sakwazi ukuhlela futhi sithumele abafundi abangama-400 e-Cuba ngenyanga kaMandulo wezi-2012.

Isibalo sabafundi okuhloswe ukuba sithunyelwe yileli siyi-1000. Singasikhuphula isibalo sabafundi esibathathayo sibe ngaphezu kwama-500 uma ezinye izifundazwe zehluleka ukubamba iqhaza futhi uma thina sikwazi ukuhlonza izinsizakusebenza ezithe xaxa.

## **UKUDALWA KWEMISEBENZI EHLONIPHEKILE KWEZEMPILO**

- ***Abasebenzi Abasezingeni Elimaphakathi***

Ngokwemikhakha ehlukenene, siphinde saqalisa uhlelo lwabasebenzi abaseZingeni Elimaphakathi njengendlela yokubhekana nokwesweleka kwabasebenzi abanamakhono ayindlala.

- Kwi-**Occupational Therapy** siqeqeshe abasizi abangama-20, kanti abayi-16 sebeziztholile iziqu futhi babhaliswa ngaphansi kwe-HPSCA kwathi aba-4 abasele bona bazophinde babhale izivivinyo zabo ngenyanga kaMandulo wezi-2013.
- Emkhakheni we-**Physiotherapy Assistants**, sinabafundi abangama-31 abasaqeqeshwa abazobhala izivivinyo zabo ngenyanga kaNhlangulana.
- Siphinde sibe nama-**Clinical Associate** angama-26, ayisi-7 kuwona asevele esephothulile.
- Kwi-**Health Technology Engineering**, sinabafundi abayi-18 asebephumelele, babili kuphele abashiya phakathi ukufunda ngaphansi kwalolu hlelo ngenxa yezinkinga ababenazo.

Kumele ngikuveze ukuthi akulula ukuthola abasebenzi abanamakhono ayindlala njengoba siqhudelana nomkhakha wezimboni ezizimele.

- ***ONompilo***

Somlomo, ngokohlelo lokudala imisebenzi ehloniphekile, sesinoNompilo abayizi-**8 922**, abaqashwe ngaphansi koMnyango Wezempilo.

UMnyango Wezempilo manje ususebenzisana noMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi ukuqinisekisa ukuthi oNompilo (CCG's) bayaqeqeshwa ngaphansi kohlelo oludidiyelwe lwe-CCG oluzolekelela ekubhekaneni nezinkinga ezibhekene nemiphakathi.

Esikhathini esedlule uhlelo lwe-CCG (olwalwaziwa ngoHlelo loNompilo- (Community Health Worker Programme) lwalwenganyelwe yizinhlangano ezingasebenzeli nzuzo ezabe zinezinkontileka zonyaka noMnyango. Le ndlela yezigampugampu yaholela ekutheni imisebenzi kahulumeni ingahleleki ngendlela futhi kungabikhona ukubambisana nomphakathi.

Somlomo, njengamanje **sinoNompilo abangama-717 aseqeqeshelwe ukuba ngabahlengikazi, abenza izifundo zeminyaka emibili**. Lena yindlela yethu yokuvuselela nokubuyisa izinga eliphezulu lokuthanda umsebenzi nokuzinikela ekunakekeleni abantu abagulayo nababuthakathaka.

- ***Ukuqhubekela phambili ngokomsebenzi koNompilo kanye naManxusa Entsha ukuze abe ngaBeluleki Ngezokondliwa Komzimba***

Somlomo, lapha emnyangweni sesihlonze amathuba omsebenzi amaNxusa Entsha kanye nawoNompilo ngaphansi kweziNhlelo Ezididiyelwe Zokondliwa komzimba. Ukufezekisa lokhu, sihlonze oNompilo naManxusa Entsha abangama-400 kuleli thuba lokuqhubekela phambili ngokomsebenzi base bebhaliselwa izifundo zonyaka owodwa zokuba ngaBeluleki Bezokondliwa Komzimba (Nutritional Advisor) eNyuvesi yaKwaZulu Natali. Ngenyanga kaMasingana ngonyaka ozayo sihlose ukuqasha abanye abangama-200 abazongena eSigabeni sesibili.

UMnyango sewuqashe ama-Trademan's Aid ayi-100 azoqala ukusebenza ngoMsombuluko, mhla ziyi-11 kuNhlangulana wezi-2012, kanjalo nakweminye imikhakha yezokunakekela okugcine sesiqashe abasebenzi abangama-214 sebephelele.

Ngokohlelo **loKudalwa Kwemisebenzi**, inhloso Yethu ukuba sigcwalise zonke izikhala zemisebenzi ezibekelwe imali. Sesizigcwalisile izikhala zemisebenzi eziyizi-19 231; eziyi-1139 ngezalabo abaneMifundaze; saqasha abasebenzi bezezempilo (Clinical Staff) abayizi-6 510; oNompilo abayizi-8 922; abafundele imisebenzi yezokuPhatha abangama-28; abezokunakekela abangama-214 kanti abayizi-2 418 abenza imisebenzi yezokuphathwa kwehhovisi kanye nezokwesekwa kwabasebenzi.

## **UKUQINISEKISWA KWEQOPHELO ELIPHEZULU KANYE NOMKLAMO KA NGENZE NGIBUKEKE NJENGESIBHEDLELA**

Ngaphambi kokuba ngigxile kulolu hlelo, ngingathanda ukuba aMalungu Ahloniphekile ahloniphe abonge ukubakhona kwalabo abahlomula ngeMiklomelo ye-Cecilia Makiwane. Sinabahlengikazi abayisi-7 abavela

esiFundeni uMkhanyakude esesihlonishwe iminyaka eyisikhombisa ilandelana kusukela ngonyaka wezi-2003; siphinde sibe nomhlengikazi oyedwa wesiFunda uMgungundlovu kanye noyedwa wesiFunda uGu. Somlomo, le Miklomelo iqanjwe ngo-Cecilia Makiwane owaba ngumhlengikazi wokuqala omnyama ogogodile, owayebhalisiwe eNingizimu Afrika futhi le miklomelo inikezwa abahlengikazi abavelela ngokwedlulele emisebenzini yabo bese beqokwa ngozakwabo njengabavelele.

Ngiselapho, uMklomelo we-Marilyn Lehana onikezwa labo abathembekile nabazinikele emsebenzini wobuhlelengikazi nemisebenzi yemiphakathi, waklonyeliswa iKwaZulu-Natali, okwaba yisiFunda uMgungundlovu.

- ***UMklamo ka Ngenze Ngibukeke Njengesibhedlela***

AMalungu azokhumbula ukuthi ngonyaka wezi-2009 saqalisa lo mklamo njengendlela yokuguqula izikhungo zethu zezembilo. Ngingabika ukuthi lolu hlelo seluqale ukuthela izithelo, ikakhulukazi uma sibheka izindawo esezenziwe ngcono okuyilezi:

- ***Isibhedlela i-Prince Mshiyeni Memorial***

Ukuncishiswa kwesikhathi sokulinda lapho kukhishwa khona imithi

- Isikhathi sokulinda lapho kukhishwa khona imithi sincishiswe sisuka emizuzwini eyi-**180** ngonyaka wezi-2009/2010 saya emizuzwini engama-**60** ngonyaka wezi-2011/2012 kanti manje sesiyimizuzu engama-45.
- Abasebenzi balapho kukhishwa khona imithi sebenqume ukuqalisa ukusebenza kwesikhathi esimisiwe sakhonjiswa

ebhodini semizuzu engama-60 ngoba befuna ukuzibekela umgomo omusha wemizuzu engama-**30** ngonyaka wezi-2012/2013.

- Zonke iziguli ziphindela emakhaya nemithi yazo.

#### Ukuncishiswa kwesikhathi sokulinda

- Sibonga uhlelo lwethu lokuhlela izinto ngokokubaluleka nokuphuthuma kwazo, manje iziguli ezisesimweni esibucayi sezithola ukunakekelwa ngokuphelele esikhathini esiy**imizuzu engama-30** Ophikweni Lwabalimele Nezimo Eziphuthumayo, kube isikhathi sokulinda oPhikweni olubhekele Iziguli Ezilashwa ziphindele emakhaya ngosuku sesincishiswe sisuka emahoreni ama-3 siya ehoreni eli-1.

- ***Isibhedlela i-R.K Khan***

ENgqungqutheleni Kwazwelonke Yeqophelo Eliphezulu Lokunakekelwa Kwezempilo yangonyaka wezi-2011, lesi sibhedlela sahlomula ngendondo yeGolide ngokuba yisibhedlela esihamba phambili ekuNciphiseni isikhathi soKulinda Endaweni Ekhipha Imithi kanye Nokuba Khona Kwemithi. Sekuphinde kwengezwa ngezibhedlela eziyi-12 ngonyaka wezimali wezi-2012/2013.

#### **UKULUNGISELELWA KOHLELO I-NHI**

Somlomo, siyathokoza ukumemezela ukuthi isiFundazwe sakithi siqhubeka kahle ekulungiselelweni kohlelo olubizwa nge-National Health Insurance. Izibhedlela ezingama-70; izikhungo zezempilo zomphakathi eziyi-17 kanye nemitholampilo engama-557 {okuyizikhungo ezingama-

644 sezihlangane} sezihloliwe ngokohlelo lwe- National Core Standards Baseline Audit.

IHhovisi likaNgqongqoshe Wezempilo kuZwelonke lethu seliqoke izifunda eziyi-10, lapho kuzoqaliswa khona isigaba sokulinga lo mklamo we-NHI, okuyizifunda ezimbili (2) KwaZulu Natali, okunguMgungundlovu noMzinyathi. NjengoMnyango siqoke Amajuba njengesifunda sokwengezelela ukuze kuvivinywe lolu hlelo lwe- NHI. Isigaba sokuvivinya sizogxila ezindleleni zesimanje zokwenza ngcono izinga kanye nokufinyelela osizweni lwezempilo olutholwa yiwonke umuntu emhlabeni wonkana. Lokhu kubandakanya ukuba sibe nomahambanendlwana asebethuthukile abasezingeni lomhlaba, abanye babo abanosizo lokunikezelwa ngezeluleko zezempilo ngokusebenzisa ukushaya ucingo abazohlinzeka imisebenzi ephelele kulezo zindawo okunzima ukufinyelela kuzo. Ngalokhu, sizobona abantu bakithi bethola ukunakekelwa okusezingeni eliphezulu eduze namakhaya abo ngabodwana futhi nangendlela enesizotha, kube futhi kunciphisa ukuminyana ezibhedlela zethu.

UMnyango usebenza ngokubambisana neziNhlango Ezingekho Ngaphansi Kukahulumeni, futhi sowusebenzisana ngokuphelele nohlelo i-Operation Sukuma Sakhe ukwenza ngcono uphiko lwezemisebenzi yomphakathi. Lokhu, futhi kwakha ingxenye enqala yokuhlelwa kabusha kwe- PHC, kubandakanya ukusungulwa kwamaThimba Anikezela Ngosizo Lwezempilo Oluyisisekelo Emphakathini (PHC Outreach Teams), amaThimba Ezezempilo Ezikoleni (School Health Teams), kanye namaThimba Ezifunda Odokotela Abangongoti Bezifo Ezahlukene, abandakanya Odokotela Bokubelethisa; Abezingane; Udokotela ongungoti wezifo ezahlukene; Umhlengikazi onolwazi olunzulu lokubelethisa; kanye noDokotela oyedwa Olalisayo ukuze

banike uholo emithethweni elandelwayo kwezokwelapha ngaphambi nangemuva kokuzalwa kwengane.

## **UKUKHWABANISA NENKOHHLAKALO**

Ekubhekaneni nale nkanankana yodaba, siqalise uhlelo lokungakubekezeleli kwakona ukukhwabanisa futhi sesenze **UPHENYO LWAMACALA ayi-139 kanje:**

- Abasebenzi abangama- 39 ababekwe amacala baphinde bamiswa
- Abasebenzi abangama-20 ababekwe amacala baphinde besulwa
- Icala elilodwa elisaqhubeka enkantolo yezabasebenzi
- Abasebenzi abayi-5 abatholwe bengenamacala okwabe aseyahoxiswa amacala abo
- Abasebenzi abangama-49 abatholwe benecala babe sebenikezwa izexwayiso ezibhaliwe zokungaphinde bone okuyoba ngukuthi uma bephinda baxoshwe
- Abasebenzi abangama-23 amacala abo asaqhubeka nokulalelwa
- Abasebenzi ababili ( 2) bamisiwe

## **UKUBUSA NGOKUBAMBISANA**

NgoNcwaba wezi- 2011 uMnyango wasungule ngempumelelo uMkhandlu Wezempilo wesiFundazwe. Lokhu, kugquguzela ukudidiyelwa kwemisebenzi phakathi kwezinhlaka zikahulumeni

zesifundazwe nezendawo ezingeni lokubonisana ngamasu okusebenza, okuyaye kuthi uSihlalo wawo kube nguNgqongqoshe. Imikhandlu Yezempilo Yezifunda izokwethulwa kuzo zonke izifunda maduze nje, yize nonyaka kusenziwa izinhlelo zokuqaliswa kokusebenza koMthetho Wezempilo waKwaZulu Natali, wezi-2009.

## **IMISEBENZI YEZIMO EZIPHUTHUMAYO [EMS]**

Somlomo, Imisebenzi Yezimo Eziphuthumayo kungomunye wemisebenzi enqala yoMnyango Wezempilo ohlose ngayo ukuhlinzeka imisebenzi ephuthumayo yokwezokwelapha nokuhlenga esezingeni eliphezulu nefanelekile esifundazweni sonkana. Kuhlelwe ukuba kuqinisekiswa ukuthi iziguli zithola usizo oluphuthumayo olufanelekile ngaphambi kokuba zifinyelele ezikhungweni zezempilo ezifanele. Ukwenza ngcono lo msebenzi, siqume ukulungisa kanye nokwandisa isibalo sezimoto ngokuba sithenge ama-ambulensi angama- 386. Lokhu kusho ukuthi manje sinama- ambulensi angama-212 alawulwayo nasebenzayo azokwazi ukubhekana nanoma yisiphi isimo esehlakalayo esiFundazweni sonkana.

Siphinde sanquma ukuba sengeze ama-ambulensi angama-28 ngaphezulu kwalawa ayi-12 abekelwe imisebenzi Yokubelethisa, ngalokho-ke sihlinzeka **ngama-ambulensi angama-40 abekelwe kuphela izimo eziphuthumayo zomama**. Ngaphezu kwakho konke lokhu okungenhla, sengeze ngezimoto ezingama-88 ezinejubane elikhulu ezifika kuqala kune-ambulensi ukuzonikeza usizo lokuqala ngenxa yejubane lazo, ukuze senze ngcono izikhathi zokufinyelela esehlakalweni.

Ngiyathokoza futhi ukubika ukuthi kungokokuqala ngqa Ezemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo zizoba nohlelo lokujwayezwa kwabafundi umsebenzi bebe befunda oluzoba soPhikweni Lwezimo Eziphuthumayo. Somlomo, lolu wuhlelo olwehlukile uma uqhathanisa nezinhlalo ezijwayelekile zokujwayezwa kwabafundi umsebenzi bebe befunda. Lolu lubandakanya ukwandiswa kwamakhono kanye nokuthuthukiswa kwabafundi balo mkhakha. Nizokhumbula ukuthi emalungiselelweni Omqhudelwane Wendebe Yomhlaba ye-FIFA yonyaka wezi-2010, Ezempilo zoMbutho Wezempi eNingizimu Afrika (SAMHS) zaqeqesha intsha eningi engasebenzi esiFundweni Sokwelekelela abezama-ambulensi Esiyisisekelo. Laba bafundi basala bengasebenzi emva kweNdebe Yomhlaba, futhi kwatholakala ukuthi abayi-148 babo kwabe bengabaKwaZulu Natali.

Sihlonze laba bafundi abayi-148 ukuba kube yibona abahlomula kuqala kulolu hlelo, njengengxenywe yokugxila kwethu ekulweni nobubha kanye nokunikeza ithemba. Bazosayinda inkontilaki yezinyanga eziyi-12. Ngaleso sikhathi beqeqeshwa uMnyango uzobe ubahlinzeka ngendawo yokuhlala yamahhala futhi nyangazonke bazobe behola imadlana yokuqinisa iphakethe. Laba bafundi abajwayezwa umsebenzi bazobhaliselwa uhlelo lokufunda oluphelele olubandakanya isifundo Sokwelekelela Abezama-ambulensi Esiyisisekelo; Imigomo ye-Batho Pele; Inqubo Yokuziphatha Ngendlela Eyamukelekile Emsebenzini; Ukuziphatha ngendlela eyamukelekile; Izifundo Zekhompyutha; Amakhono Okuxhumana Ngomsakazo Wezimo Eziphuthumayo ngokunjalo neziFundo Zokuzivikela Kubashayeli. Uma-ke sebephothulile bayobe sebesebenza Kwezemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo. Ekupheleni kwezinkontilaki zabo siyobahlolilela ukuthi

bakulungele yini ukubhaliselwa ukuqeqeshelwa Isifundo se-Intermediate Life Support noma se-Mid-level Worker. Ngalo nyaka, futhi uNgqongqoshe uzokwethula uhlelo olubizwa nge-**Operation Bring Back Order**, ukuze kwenziwe ngcono izinga lokuziphatha ngendlela efanelekile futhi olugxile kubasebenzi Bemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo.

Singabika futhi ukuthi ngenyanga edlule, abafundi bethu abangama-85 bathwese iziqu emkhakheni Wezemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo, labo ababeqokwe ukuba babhalisele ukufunda i-Intermediate Life Support (ILS). Isifundazwe sakithi sonkana sizohlomula kulolu hlelo njengoba laba bafundi babeqokwe kuso futhi bazosebenza eziFundeni zakithi eziyi-11, okuyilezi, Amajuba; EThekwini; Ilembe; Sisonke; Ugu; UMgungundlovu; UMkhanyakude; UThukela; UThungulu; Umzinyathi kanye neZululand.

Kuzoqapheleka ukuthi ngaphambi kokuba baqeqeshwe, laba basebenzi babe befundele i- Basic Life Support (BLS) kuphela. Kumele sisho ukuthi labo ababefundele i- Basic Life Support kuphela, abanalo ikhono elanele lokusiza abangakamukelwa esibhedlela, ngakho-ke badinga ukuba bathuthukiswe ukuze babe sezingeni elifanele okuyi- ILS ukuze kuqinisekiswa ukuthi bahlinzeka iziguli nabalimele ngosizo olufanelekile. Ulwazi lwabo luzobavulela amathuba amaningi njengoba manje sebengabhalisela ukufunda izifundo eziholela ekutheni babeNgabasebenzi Abanolwazi Ngosizo Lwezimo Eziphuthumayo (**Emergency Care Technicians**) (**ECT**); **Abalekeleli Bosizo Lwezimo Ezibucayi** (**Critical Care Assistants**) (**CCA**) ngokunjalo nokubhalisela ukufundela iziqu ze-**Bachelor of Health Science**.

- ***Ezokuthuthwa Kweziguli***

Somlomo, futhi senza imisebenzi Yezokuthuthwa Kweziguli ehlinzeka abantu abaswele abangenazo izinto zokuhamba ngesikhathi bedluliselwa kwezinye izikhungo zethu zezempilo. Ukuze lokhu kube yimpumelelo, sizothenga amabhasi amancane angama-40 ahlelelwe ukubhekelela le nhloso.

- ***Ingqalasizinda Yezemisebenzi Yokuhlenga Izimo Eziphuthumayo (EMRS)***

Ngalo nyaka wezimali sizocalisa ukwakha izikhumulo ezinkulu ezintathu (3) zama-ambulensi Ezemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo eziFundeni uMzinyathi, iZululand no-Ugu.

UMnyango futhi uzosungula Isikhungo Sokulawulwa Kwezimo Eziphuthumayo esisha esizosebenza amahora angama-24 esizoba sebhilidini i-Natalia. Lesi sikhungo esisha sizosebenza ukuphendula izingcingo kanye nokuphaka Ezemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo, ngokunjalo nokuhlolwa kwesidumbu ngenhloso yokuthola imbangela yokushona (Forensic Pathology Services). Sizohlinzeka futhi ngokulawulwa kwezehlakalo ezinkulu esiFundazweni, sizosetshenziselwa ukuthola ulwazi oluphelele ngezezempilo, ukubikwa kokukhwabanisa nenkohlakalo futhi luzosebenza njengophiko olubhekelele ukuhlelwa Kwemisebenzi Yezomoya Yezezempilo yesiFundazwe.

- ***Ukuhlenga***

UMnyango uncoma abanye omasipala ngokuhlinzeka ingxenye yezemisebenzi yezokuhlenga; ukuhlangabezana nalokhu, sekuthengwe izimoto ezidonsa ngamasondo onke ezingamaveni eziyi-15 ezizoguqulwa zibe yizinqola zezokuhlenga futhi ezizonikezwa Izikhumulo Zemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo ezikomasipala, lezo eziswele abasebenzi nezinsiza kwezokuhlenga.

- ***Ukuqashwa kwabasebenzi Bezemisebenzi Yezokuhlenga Izimo Eziphuthumayo***

Somlomo, ukuze senze ngcono ukusebenza ngokufanelekile ekuhlinzekweni kwalo msebenzi wokusiza iziguli ngaphambi kokuba zingene esibhedlela, kumele senyuse isibalo sabasebenzi bethu ngokuba siqashe abangama-332 be-Basic Life Support; abangama-55 be-Intermediate Life support kanye nabayi-13 be- Advanced Life support.

Kuzoqashwa abasebenzi bama-ambulensi abangama-704, ukuze kuqinisekiswa ukuthi wonke ama-ambulensi esiFundazweni anabasebenzi abanekhono futhi abaqeqeshwe ngokufanelekile.

## **UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA**

Somlomo, ngivumele ngazise amalungu ukuthi sibenenhlanhla kangakanani ngokuba siqokwe sibe ngabahlomuli bohlelo olubizwa nge- **The Carte Blanche ‘Making a Difference Trust’ and BHP Billiton social investment initiative**, oluzokwakha uPhiko olusha Lokwelapha Izingane oluzoba sesibhedlela i- King Edward VIII.

Ngicela uphinde ungivumele ukuba ngethule umlando omfishane ngalesi senzo sobubele. Ngonyaka wezi- 2008 abe- Carte Blanche bacela ukuba isibhedlela i-King Edward VIII sibambe iqhaza emkhankasweni obizwa ngokuthi i-**“Making a Difference Campaign”** owabe ungomgubho Wosuku Lokuzalwa Kwayo weminyaka engama-20, lapho babebonga khona umphakathi ngokuwupha iziphoo. Isibhedlela i- King Edward VIII kwabayisona sodwa isikhungo KwaZulu Natali esecelwa abe-Carte Blanche ukuba sibe yingxenye kulo Mkhankaso, futhi saseqhudelana nezinye izikhungo ezifana ne-Johannesburg General Hospital; i-Kimberly Children’s Hospital; i-Charlotte Maxeke kanye ne-Free State Hospital. Emva kokuba sisamukeleli isimemo sokuba sibambe iqhaza, babe sebefika bezothwebula ifilimu ophikweni lapho kulashwa khona izingane kanye nalapho kugcinwa khona izingane ezisanda kubelethwa (Paediatric and Neonatal Departments), babe sebeyazibona izinselelo lezi zindawo ezimbili ezisebenza ngaphansi kwazo.

Emva kokuba lokhu bekukhiphe kumabonakude, izinhlangano zobumbano zanxenxwa ukuba zize nezithembiso zazo ekwenzeni umehluko. Uhlelo lokuqala kwakuzoba ukulungiswa koPhiko Lokulashwa Kwezingane ezilashwa zibuyele emakhaya ngosuku (POPD). Nokho-ke emva kokuvakasha kwabe- BHP Billiton nethimba le-Carte Blanche, babe sebenquma ukuthi kuzodla imali eningi ukuba kulungiswe isakhiwo esikhona kunokuba kwakhiwe esisha. Kwabe sekuhlonzwa isiza lapho

kuzokwakhiwa khona uPhiko olusha Lokulashwa Kwezingane. Namhlanje kungumhla- ziyi-5 kuNhlangulana wezi-2012 siyabika ukuthi isakhiwo esisha manje esibizwa ngokuthi yi-**BHP PEDIATRIC CENTRE OF EXCELLENCE** sesivuliwe ngokusemthethweni futhi sesiqalile ukwamukela iziguli. Sinegumbi lokunakekela iziguli ezidinga unakekelo olusezingeni eliphezulu, phecelezi olubizwa ngokuthi i-Intensive Care Unit/High Care Facility; elokuxhlonga iziguli (Consulting Services) kanye nendawo yabasebenzi. Izinkampani eziningi ezibumbene nazo zanikela ngempahla yezokwelapha kuwo womabili amagumbi okungelokulashwa kwezingane nelokugcina izingane ezisanda kubelethwa.

## **UHLELO LOKUVUSELELWA KWEZIBHEDLELA**

### ***Isibhedlela i-Dr Pixley Ka-Isaka Seme***

NgoMfumfu wanonyaka kuzoqala ukwakhiwa kwalesi sibhedlela, okulindeleke ukuba kuphothulwe ngoMfumfu wezi-2015 esiyobe sesiqala ukusebenza ngokushesha, okuyonciphisa izinkinga ezikhungethe isibhedlela i- Mahatma Gandhi okuyimanje esinomthwalo omningi kakhulu.

- ***Isibhedlela i-Lower Umfolozi District War Memorial***

Lapha Somlomo, sesisiphothululile iSigaba sokuqala okwabe kungukwakhiwa kwendawo yokulindela yomama futhi yanikezelwa esibhedlela ngonyaka wezi-2011.

- ***Isibhedlela iNgwelezane***

Ukwakhiwa kwesibhedlela sibe sesimweni sesimanje kungumklamo oqhubekayo. Kulo nyaka sekuzophothulwa ukwakhiwa koPhiko Lezokwaluleka kanye nomtholampilo wabagula ngengqondo abalashwa babuyele emakhaya ngosuku. Siphinde sibe nomklamo wokulungisa ukufakelwa ukufakelwa kukagesingendlela efanelekile; ukulungiswa kwendawo yokugcina izidumbu negumbi lapho kusetshenzelwa khona; ukulungiswa kwezindawo zokuhlala abahlengikazi, okungukuthi zonke ziyakhiwa futhi konke lokhu kuyophothulwa ngowezi- 2013.

- ***Isibhedlela i-Rietvlei***

Ngenxa yokwehluleka ukusebenza kukasonkontilaka kule ndawo, ngalo nyaka sizophinde sikhipe izikhangiso zethenda, esethemba ukuthi lo mklamo uyobe sowuphuthuliwe ngoMbaso wezi- 2014.

- ***Isibhedlela i-Edendale***

Kwakhiwa uMtholampilo omusha Wezifo Ezithathelanayo kanye neKhemisi futhi lokhu kuhloswe ukuba kuphuthulwe ngoZibandlela wezi-2013. Kule ndawo, nakhona sivule amathenda okwakha ngendlela yesimanje uPhiko Lwabalimele Nezimo Eziphuthumayo ngokunjalo noPhiko lwabalashwa babuyele emakhaya ngosuku.

- ***Isibhedlela i-King George V***

Ngonyaka wezi-2011, kulesi sikhungo siphothule ukwakha amawadi esabe sesiwapaka imibhede engama- 200, futhi kulo nyaka wezimali sihlele ukuba sifake eminye engama-200, ukuze kwenele.

Somlomo, sinemiklamo eminingi eqhutshwayo emizamweni yethu wokwenza lesi sibhedlela sibe sesimweni sesimanje, kubandakanya ukwakhiwa kwesakhiwo esinenxanxathela yamagumbi Ezokwelashwa Kwesifo sofuba; ukwakhiwa ngesimanje koPhiko Lwezokulashwa Kwabagula Ngengqondo Oluvalekile; amahhovisi ezokugcinwa kwemininingwane yabalashelwa Isifo Sofuba; inkulisa, indawo yokugcina imfucuza ngokunjalo nendawo yokulashwa kwabaphethwe yiSifo Sofuba abalashwa babuyele emakhaya ngosuku.

UMnyango uqalise uhlelo lokuqamba kabusha isibhedlela i- King George V ngokuthi i- King Solomon ka Dinuzulu, kulandela isimemezelo sikaNdunankulu Ohloniphekile enkulumeni yakhe yesiFundazwe. Kuyacatshangelwa ukuthi ngaphambi kokuphela kowezi-2012 ukuqanjwa kabusha kuzobe sekuphuthuliwe.

## **IMITHOLAMPILO EVULWE NGONYAKA WEZIMALI ODLULE**

Somlomo, ngizothanda ukubalula imitholampilo eyaphothulwa futhi eseyisebenza kule miphakathi efanele ukuyithola elandelayo:

- **I-Efaye New Clinic** osesifundeni uMgungundlovu kumasipala Umshwati
- **IPhatheni New Clinic** osesifundeni uMgungundlovu e-Richmond.
- **ISgweje New Clinic** osesifundeni UThukela kumasipala iNdaka

- **IKwaSenge New Clinic** ukuvulwa kwawo kwabusiwa nguNdunankulu wethu, uMhlon. uDkt. Zweli Mkhize, **osesifundeni** Umzinyathi kumasipala Umsinga.
- **IMumbe New Clinic** osesifundeni Umzinyathi kumasipala Umsinga
- **Ombimbini New Clinic** osesifundeni iZululand, oLundi
- **IKwaFuduka New Clinic** osesifundeni iZululand
- **IKwaMbiza New Clinic** osesifundeni UThungulu, Obuka, eNtambanana

## **IZIKHUNGO ZEZEPILO ZOMPHAKATHI EZIPHOTHULIWE NESEZIVULWE NGOKOMTHETHO**

- Isigaba sokuqala sokuguqulwa kweSikhungo Sezempilo Somphakathi esingumtholampilo waseGamalakhe sibe yiSikhungo Sezempilo Somphakathi sesiphothuliwe, futhi sesiqaliwe isigaba sesibili sokwakha.
- Sekuphuthuliwe ukwenziwa komtholampilo waKwaMashu ukuba ube yiSikhungo Sezempilo Somphakathi, futhi sesinikezelwe emphakathini.
- Isikhungo Sezempilo Somphakathi esisha i-St Chads naso sesiphothuliwe futhi sanikezelwa ebuholini nasemphakathini.
- Sesiphothuliwe isikhungo Sezempilo Somphakathi esisha i-Turton, futhi amalungu azomenywa uma sesivulwa ngokusemthethweni.

## **IZIKHUNGO ZEZEPILO ZOMPHAKATHI EZINTSHA**

Somlomo, imiphakathi yakithi ezindaweni zasemakhaya ayishiywanga ngaphandle. Kuzokwakhiwa Izikhungo Zezempilo Zomphakathi ezimbili e- Pomeroy nase-Dannhauser ngesamba sezigidi zama-R160 sisinye, futhi zizohlinzeka izidingongqangi ezahlukene, kubandakanya Ikhemisi, igumbi lama-eksireyi; Ezabakhulelwe, indawo Yokulindela yomama kanye nezindawo zokunikezela imishanguzo. Siphinde sayalela izinkampani zokwakha ukuthi kumele zisebenzise izinkontilaki ezincane zendawo ezifaka ugesi, amapayipi, ukubiya; izilawuli moya negesi, njengendlela yokuhlinzeka umsebenzi osezingeni eliphezulu kulezi zindawo ezingathokozile.

## **IMITHOLAMPILO ENGOMAHAMBANENDLWANA**

Empokophelweni yethu yokwenza ngcono impilo yabantu bakithi kuwo wonke amagumbi esiFundazwe futhi njengendlela yokuhlelwa kabusha kwemisebenzi Yezempilo Enqala, sinentokozo ukumemezela ukuthi sesandise imitholampilo engomahambanendlwana eyi-170 ngaphezu kwaleyo esebenzayo kuyo yonke iKwaZulu-Natali.

Imisebenzi yemitholampilo engomahambanendlwana inikezelwa emiphakathini esezindaweni ezisemajukujukwini enabantu abadinga usizo njengabasebenzi basemapulazini nemindeni yabo.

Somlomo, sibonile ukuthi ukwakhiwa kwemitholampilo engomahambanendlwana kwaba namaphutha; abasebenzi bethu bebehlela ngemuva ezimotweni, abantu abade babengakwazi ukuma baqonde kuzona futhi ukuba iziguli zibe ngazodwana nako kwabe kungekho kanye nendawo yokubeka izimpahla beyincane kakhulu.

Amaveni amasha ayi-17 akwa-MERCEDES BENZ makhudlwana futhi anendawo engemuva enkulu ngokuphindekile ngokubhekelela le nhloso, futhi zingama- 4X2 akwazi ukubambelela emigwaqweni eshelelelayo newugedla.

### **IZINDAWO ZOKUGCINA IZIDUMBU**

Somlomo, njengendlela yokuhlonipha asebesishiyile emhlabeni siqinisekise ukuthi uhambo lwabo lokugcina luqhutshwe ngendlela enesizotha, ngokuba kwakhiwe izindawo zokugcina izidumbu ezintsha ezizohlola izimbangela zokushona, okungukuthi zonke seziyasebenza, okuyilezi: i-New Pietermaritzburg M6; iMadadeni M1; i-Dundee M2; i-Park Rynie M3; i-Eshowe M3 kanye nokwakhiwa ngesimanje kwe-Port Shepstone mortuary.

### **ISIBHEDLELA SEZINGANE SAKWAZULU NATALI**

Kuyathokozisa ukubika ukuthi ukulungiswa kwesibhedlela sezingane saKwaZulu Natali sekugcine sekuqalisiwe ngokuba uMnyango ufake imali eyizigidi ezingama- R10, kanye nenhlangano i-KZN Children's Hospital Trust okuyiyona ezoqhuba lo mklamo wezigidi ezingama- R200 ukuze kulungiswe Isibhedlela Sezingane sibe sesimweni esithokozisayo sangaphambilini. UMnyango ufake izigidi ezingama- R50 kulolu hlelo bese kuthi esele izoqokelelwe yiThrasti. IThrasti cishe seyiqokelele

izigidi ezingama-R10 selokhu yasungulwa ezinyangeni eziyisishiyagalolunye.

Izikhungo ezintsha eziphakanyisiwe zizobandakanya imitholampilo yokwelashwa kwezingane ezilashwa zibuyele emakhaya ngosuku, amawadi okulalisa isikhathi esifushane, izikhungo zokuqeqesha, indawo yokulindela izihlobo zabagulayo kanye nezikhungo zocwaningo. Inhloso yomsebenzi mayelana nohlelo lokulungisa ibandakanya, phakathi kokunye, ukulungiswa okukhulu nokuphelele kwesibhedlela sezingane esidala; isakhiwo sezokuphathwa kwezemisebenzi yezemininingwane yeziguli; ukulungiswa kwesakhiwo seziguli ezilashwa zibuyele emakhaya ngosuku ngokunjalo nendawo yokuhlala abahlengikazi endala.

## **UHLELO LOKUNAKEKELA**

OPhikweni Lwezokuthuthukiswa Kwengqalasizinda siphinde sasebenzisa cishe izigidi ezingama-R400 ohlelweni lokunakekela, ngokusebenzisana nabe-Independent Development Trust [IDT]. Ngalokhu siphothule imiklamo eyi-10 futhi sadala amathuba omsebenzi angama- 215.

## **UMPHUMELA 5: UKUNCIPHISA IZIFO EZITHATHELANAYO**

### **IMISEBENZI YEZOKUKHUBAZEKA NOKUHLENGA**

Somlomo, udaba olumayelana namalungu anokukhubazeka asemiphakathini yakithi lungolubuhlungu kakhulu. Njengesizwe, ikhono lethu lokunakekela kanye nokuzwela liyobhekwa ngokuthi izinhlelo zethu zizibhekelela kangakanani izidingo zalabo abanokukhubazeka

abasemiphakathini yakithi. Angeke sakushaya indiva ukwehlukana kwezidingo abazithula kithi.

Ukuze senze ngcono impilo yabo, uMnyango wethu usayinde Isivumelwano Sokusebenzisana nabe- Disabled People South of Africa – KZN ukuze uhlinzeke Imisebenzi Yokuhlenga Egxile emphakathini. Kwengezwe abasebenzi ababili bezemisebenzi Yokuhlenga Engxile Emphakathini (CBR), abasebenzi ezingeni lesiFunda esincane, esiFundeni ngasinye, ukuze kwenziwe ngcono kanye nokubhekana nezidingo zabo.

Isivumelwano Sokusebenzisana nabe- South Africa Social Security Agency esiphakanyisiwe ekulawulweni kwezibonelelo zomphakathi kubandakanya izibonelelo zokukhubazeka sesisemaphethelweni okuphothulwa.

Somlomo, sibonga siyanconcoza Ukhozi **FM** ngokunjalo nabe-**Church of Jesus Christ of Latter Day Saints** abanqume ukusebenzisana nathi ekuhlonzeni nasekuxhaseni ngezihlalo ezinamasondo zabantu abaphila nokukhubazeka kuso sonke isiFundazwe. Nami uqobo bengizibandakanyile ekunikezelweni kwezihlalo ezinamasondo ezingaphezu kwe-100 kubahlomuli ezifundeni iThekwini; uThukela naseMajuba.

Sibe nokwethu nathi ukunikezela kwezinsiza kubantu abanokukhubazeka ezifana nezihlalo ezinamasondo eziyi-3 306: izinsizakuzwa eziyi-1 660: izinsizakuhamba eziyi-26 607 kubandakanya izindondolo, izinhlaka zokuhamba kanye nezinduku zokulekelela abangakwazi ukuhamba kahle.

Siphinde sibonge usizo lwenkampani yase- Denmark enikele ngezinsizakuzwa ezingaphezu kwe- 1,000 kanye nama-laptop

ngokunjalo nohulumeni wase-Taiwan osinikeze umnikelo wezihlalo ezinamasondo eziyi-120 ezanikezelwa ezibhedlela zonke zesiFundazwe ezisesifundeni iThekwini.

UMnyango futhi wethula Isikhungo Semisebenzi Ephathelene Nokuzwa esizosebenzisa ukuxhumana ngocingo esizokwelekelela ukuhlolwa nokwelashwa kweziguli ezingezwa ngenxa yokudla izidakamizwa ezihambisana nemishanguzo yokwelapha Isifo Sofuba nokuthithibalisa Isandulelangculazi Nengculazi. Lo mklamo uzolingwa esibhedlela iManguzi ne-Addington ngaphambi kokuba uqaliswe esiFundazweni.

## **IMISEBENZI YEZEZEMPILO EXOXWAYO**

NjengoMnyango siyakholelwa ekutheni Ezezempilo Ezixoxwayo zibalulekile kakhulu empilweni iphelele yabantu bakithi futhi sezibe negalelo elikhulu ekuqinisekiseni ukuthi lolu Phiko lusebenza ngokuphelele.

Ukuqhwashisa ngemisebenzi yezezempilo exoxwayo, Ongoti Bezokuhlazeka Kwamazinyo baqhuba izinhlelo zokufinyelela emphakathini futhi bavakashela izikole lapho abafundi befundiswa ngokuthi amazinyo axujwa futhi afloswa kanjani ukuze kuncishiswe amagciwane emlonyeni; bahlolwe bese bedluliselwa ukuyolashwa. Sekubonwe abafundi abayi-34 966 ezikoleni esiFundazweni sonkana.

## **UKUNAKEKELWA KWAMEHLO**

NjengoMnyango sesenze okuningi ukwenza ngcono Umphumela 1 ngokuba sinciphise ukushona kwezingane ngenxa yokungaboni.

NgoMfumfu wangonyaka odlule sethule Isikhungo Sokunakekelwa Kwamehlo Sezingane esesithuthukile esisezingeni lomhlaba esibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital (IALCH), lese sikhungo sasungulwa ngokubambisana nabe-Orbis International okuyiNhlangotho Engekho Ngaphansi Kukahulumeni yase- Australia. Lesi sikhungo singesesibili ezweni esilandela i- Red Cross Children Hospital eKapa futhi sihlizeka lokhu okulandelayo:

- Isikhungo sokwelapha izifo eziyinkinga, esinazo zonke izinsiza ukuze kuqinisekise ukuhlinzekwa kwayo yonke imisebenzi ezinganeni ezithintekile esifundazweni nangale kwemingcele yaKwaZulu-Natali.
- Ukweseka ikhono labasebenzi bezempilo ngamakhono okwelapha izingane kuwo wonke amazanga ngokuba bazidlulisele ezikhungweni ezifanele nokulandelela lezi zingane ngokufanele.
- Ukuqinisekisa ukuqondwa kwemisebenzi yezokwelashwa kwezingane ngokuba kucotshelwane ngolwazi kuphinde kufundiswe abazali, abaqaphi kanye nomphakathi.

Somlomo ngalokhu kusebenzisana sesizuze lezi zinto ezilandelayo:

- Ukuthengwa kwezimpahla zokulapha izifo zamehlo ngesamba sama- R720 000.00
- Siqashe imenenja yomklamo esebenzela e- IALCH.
- Phakathi kukaMfumfu wezi-2011 noNdasa wezi-2012 sesisize izingane eziyi-167.

Ekusebenzisaneni kwethu nabe-**International Centre for Eye Care Education (ICEE)** – emklamweni obizwa ngokuthi **i-Giving Sight to Africa**, ngoNtulikazi wangonyaka odlule sakwazi ukufinyelela kubantu

abayisigidi esisodwa ababedinga usizo ngezokubona kwabo, futhi bahlinzekwa ngezibuko zamehlo ezingabizi, ngalokho-ke saba negalelo ekwenzeni ngcono impilo yabo. Lokhu kusebenzisana kuxhaswe ngabe-Standard Chartered Bank futhi kwaholela ekutheni kwi- ICEE kuqashwe abanye odokotela bamehlo abangama- 20 abazosiza ukwenza ngcono ukutholakala kwemisebenzi yezokubona ezibhedlela ezingama-51 naseziKhungweni Zezempilo Zomphakathi eziyi-14 ngokunjalo naseziKhungweni Zezempilo Ezizimele ezingama-58, ukuze kuhlinzekwe ngezibuko zamehlo khona esibhedlela. Sikwazile futhi ukuba siqeqeshe aBelaphi Bendabuko abangama-240, oNompilo abangama-500 kanye nabahlengikazi abangama-924 abazokwazi ukuhlonza izimo ezingekho bucyi ukuze badlulisele iziguli ukuba zithole ukwelashwa okufanelekile.

Sibonge singaphezi futhi ekuzibandakanyeni kwabakwa-Nissan kulolu hlaka njengoba benikele ngeveni elingumahambanendlwana lokuhlola amehlo kanye nemali engama-R400 000 ezotholakala iminyaka emibili yokuhlola kanye nokwelapha amehlo abafundi, okuyimanje sekusizwe abafundi abayizi- 9000.

Sesiyibonile nenkampani yakwa- **Plascon** yona eqoke Imisebenzi Yezokwengulwa Kolwelwesi Emehlweni, okubizwa ngokuthi-**Cataract Surgery Services**, njengengxenywe yokusebenzela umphakathi. Ngonyaka odlulwe kuMfumfu baxhasa uhlelo i- Cataract Blitz esibhedlela i- Charles James Memorial lapho esabona khona kuhlinzwa iziguli ezingama- 86.

Imisebenzi yethu Yezokwelashwa Kwamalunga neMisipha (**Orthopaedic services**) esibhedlela i-Wentworth kanye nakwezinye

izikhungo eziphakelana nayo, esise- Pietermaritzburg nasesibhedlela i-King Edward VIII. Lezi zikhungo zontathu zihlinzeka imisebenzi Yezokwelashwa Kwamalunga neMisipha esiFundazweni saKwaZulu Natali sonkana, sihlinzeka ngezidingo cishe emitholampilo yomphakathi engama-45 ezihanjiswa ngezimoto noma ngamabhanoyi namaThimba abe- Red Cross.

Iziguli ezinokukhubazeka emzimbeni zisizwa ngamakhono ayisipesheli okwakha nokufakela amalungu, imisipha, imilenze, izingalo nokunye, lapho kudingeka. Ngonyaka odlule inani labantu abayi- 22 449 basizwa elihlanganisa iziguli eziyi- 19 495 ezelashwa amalungu nemisipha kanye nezafakelwa amalungu emzimba okuyimilenze, izingalo, nokunye eziyi- 2 954.

Somlomo, Ezokwelashwa kwezitho zomzimba ezinjengemisipha namalungu kanye nokufakelwa kwezitho ezinjengemilenze, izingalo nokunye ziyikhono elentulekayo kakhulu elihlinzekwa kuphela esikhungweni semfundo ephakeme esisodwa eNingizimu Afrika, okuyi-Tshwane University of Technology futhi sikhiqiza kuphela abafundi abangama-20 kuya kwabangama-30 ngonyaka bese kuthi labo asebekulungele ukusebenza basatshalaliswe ezweni lonkana. Ngakho-ke sesisebenzisana ne- DUT ukuhlinzeka lesi sifundo futhi seziqalile izinhlelo zokubhalisa abafundi bethu abaxhaswe ngemifundaze abangama-30, ngokubheka ukuhambelana kwabo nenqubo elandelwayo yeNyuvesi. Sisohlelweni lokuqasha ngokwenkontilaki iMenenja ezoqhuba umsebenzi esiFundazweni.

## **UKWABIWA KWESABELOMALI SONYAKA WEZI-2012/13**

Ngaphambi kokuba ngikhulume ngezabelo zeziNhlelo ngazinye, kumele kwazeke ukuthi uMnyango uyaqhubeka nokuqalisa izinhlelo zokulawula izindleko ngendlela efanelekile kanye nokwenza ngcono ukunikezelwa kwemisebenzi. Sabe isabelomali sethu ngokuhambisana nemisebenzi yoMnyango ephezulu eqhulwini kanje:

- **UHlelo 1: Ezokuphathwa Kwehhovisi** - izigidi ezingama- R397, 7
- **UHlelo 2: Ezempilo zesiFunda** – izigidigidi ezingama- R11, 954
- **UHlelo 3: Ezezempilo Zezimo Eziphuthumayo** – izigidigidi ezingama- R1, 046
- **UHlelo 4: Imisebenzi Yezibhedlela Zesifundazwe** – izigidigidi ezingama-R7, 568
- **UHlelo 5: imisebenzi Yezibhedlela Ezimaphakathi Nesifundazwe** – izigidigidi ezingama -R2, 659
- **UHlelo 6: Uqeqesho Lwezemisebenzi yezempilo** – izigidi ezingama-R998
- **UHlelo 7: Imisebenzi Yezokweseka Ezempilo** –izigidi ezingama-R15, 170
- **UHlelo 8: Ukulawulwa Kwezikhungo Zezempilo** – izigidigidi ezingama R1, 917

Somlomo, Malungu Ahloniphekile, ngicela namukele nasi isabelomali sethu sika Vote 7 sezigidigidi ezingama-R **26 555 350 [amaRandi ayizigidigidi ezingamashumi amabili nesithupha, izigidi ezingamakhulu amahlanu namashumi amahlanu nanhlanu kanye nezinkulungwane ezingama khulu amathathu nanhlanu].**

Somlomo, ngizothanda ukubonga iNhloko yoMnyango, uDkt. SM Zungu, ubuholi bonke boMnyango, umndeni wami ngokungeseka kwawo, uMhlonishwa uNdunankulu, uDkt. Z.L. Mkhize, kanye neKhabinethi lonke ngoholo nokungeseka kwabo. Ngizothanda futhi ukubonga uSihlalo weKomidi Lezempilo, uNkk. Lydia Johnson, kanye neKomidi lonke ngobuholi balo obuvuthiwe ngokunjalo nenhlangano yami, i- ANC, ngokungethemba ngalo msebenzi kanye noholo abalokhu benginika lona.

Ngiyabonga.